



Isolezwe livela umfula ugcwelwe

TERTIARY Ψ π TIMES

Ucwaningo lowezemfundo luhlonishwe emhlabeni

UCWANINGO lofundisa e-University of Zululand (e-UNIZULU) ngezinto ezenzeka kwabafundisa emanyuvesi aseNingizimu Afrika nasemakolishi acija ngamakhono ngemuva kokufundwa kobandlululo kumenze wahlonishwa wumqulu oshicilela ucwaningo ohlonishwayo emhlabeni wonke.

UDkt Zanele Buthelezi, ofundisa emNyangweni weziLimi zesiNtu namaSiko, uphume isibili ngePhepha loCwaningo oluVelele kwi-Journal of Vocational Education and Training (i-JVET). Iphepha elibizwa ngokuthi "Lecturer Experiences of TVET College Challenges in the Post-apartheid Era: A Case of Unintended Consequences of Educational

Reform in South Africa", lithakaselwe njengelinesidingo, lashicilelwa kwi-JVET ngo-2018. Umklomelo wakhe uhambisana no-250 euros. Leli phepha locwaningo lizotholakala kwi-internet kuwonkewonke kuze kube sekupheleni konyaka.

UDkt Buthelezi uthi: "Ngithakasile ukuthi umsebenzi wami uklonyeliswe ezingeni lomhlaba. Kubantu abaningi kunzima nokuthi amaphepha abo ocwaningo emukelwe ngamabhuku ocwaningo ukuze abuyekwezwe. Ukushicilelwa yibhuku locwaningo elihlonishwyo emhlabeni kukodwa nje yinto enkulu. Ukukhethelwa ukuba yiphepha elivelele lonyaka kube yibhansela kanti ukuphuma isibili kube wumklomelo omkhulu."

Minyaka yonke i-JVET ikhipha umklomelo wePhepha loCwaningo oluVelele namabili aphume isibili. Lo mklomelo ngowomsebenzi ovelele endleleni oqhakambisa ngayo umsebenzi waleli bhuku nokuqhuba umsebenzi kwezemfundo.

Omnye wabaHleli be-JVET, u-Ann-Marie Bathmaker, uthi iphepha locwaningo likaDkt Buthelezi linconywe kakhulu. "Sithakasile ngokushicilela leli phepha locwaningo ebhukwini locwaningo. Abahleli nawo wonke amalungu eKomiti labaHleli bayamhalalisela uZanele (uDkt Buthelezi)," kusho yena.

Leli phepha licashunwe ocwaningweni lwezobudokotela likaDkt Buthelezi alwenza ngo-2015. Ngemuva kokuthi indima yamakolishi amakhono



UDkt Zanele Buthelezi, uphume isibili ngePhepha loCwaningo oluVelele, okuwumklomelo waminyaka yonke we-Journal of Vocational Education and Training.

yaba nezinguquko ezingeni ngo-2000, uDkt Buthelezi waba nentshisekelo yokubona ukuthi abafundisa kula makolishi baphila impilo enjani.

Ukholwa wukuthi ukuvuselelwa kwendima yamakolishi acija amakhono kwakunesidingo eNingizimu Afrika ngenxa yesidingo sokuphucula isimo samakhono kepha kweza nezinguquko

ezazingahlosiwe okufanele zibe yisifundo emkhakheni wezemfundo, okubalwa kuwo nabashaya umthetho nosopolitiki.

Isebenzisa indlela ka-Norbert Elias, imiphumela yocwaningo igcizelele ukuthi ngisho kungathiwa zinhle kanjani izinhloso, kepha ngeke ziphumelele uma abafundisayo bengesona isisekelo sayo.

Umfundi owumpetha kakarati usebheke esomhlaba

UMDLALI kakarati uThuthukile Dlamini umi ngomumo ukuya emqhudelwaneni i-3rd All-Africa So-Kyokushin Karate Championships ebikade iseZimbabwe kusukela mhla ka-27 kuya kumhla ka-28 Julayi.

UThuthukile, owenza unyaka wokugcina weziqo i-Bachelor of Education e-University of Zululand (e-UNIZULU), uthi iyodwa qha into ayibhekile eZimbabwe - ukugingqa zonke izimbangi zakhe emunxeni aqhathwe kuwo.

Akaqali ukuba wumpetha, njengoba kumanje ewumpetha esigabeni sika-65kg. UThuthukile lesi sicoco wasithola kwi-University Sports South Africa (USSA) Tournament ka-2018 emqhudelwaneni owawuseRhini. Ngemuva kwalokho wakwazi ukungenela emqhudelwaneni wase-Afrika.

Nakuba ezobe eqala ukuncintisana kuleli zinga, uThuthukile uthi akasiyo into yokudlala njengoba ezilungiselele kahle ezicijela lo mncintiswano. Uhlelo lwakhe lokuziqeqesha luneminyakazo eminingi yokungakhathali kanti lokhu kuhlange nabantu abaningi abamesekayo nokuzimisela, yiyona mfihlo yakhe yempumelelo.

"Ngizimisele ngempumelelo nokunqoba. Bengibhekene nezimbangi ezisemazingeni



Umpetha wekarati we-USSA wango-2019 uThuthukile Dlamini enza into yakhe.

angaphezu kwelami kuma-USSA kodwa ngakwazi ukuzihlula. Ngokarati, ukwazi ukubhekana ngqo nezinkinga zakho, kanjalo nezimbangi zakho. Kafushane nje, ukarati ukufundisa ukuzazi nokuzilawula," kusho uThuthukile.

Uthando lwakhe lwekarati lwaqala esemncane ngokubuka isihlobo sakhe esasishaya ukarati. Ngenkathi ebhalisa e-UNIZULU, akanazanga wajoyina iqembu lwekarati.

Ngemva kwalokho usedlondlobele kakhulu, wedlula emazingeni ehlukeni. Ngemuva kokunqoba kwakhe kwi-USSA, lo mdlali wekarati usesuke ebhandeni elihlaza okwesibhakabhaka, waya kweliphuzi. Uwusihlalo weqembu lekarati lase-UNIZULU.

Ucwaningo lofundisa e-UNIZULU ludle umhlanganiso engqungqutheleni

U-RAPHAEL Jankeeparsad, ofundisa emNyangweni we-Accounting and Auditing e-University of Zululand (e-UNIZULU), ujabule uyafa ngokudla umhlanganiso ePhepheni loCwaningo eliVelele kwi-Southern African Accounting Association (i-SAAA) International Conference e-Emperors Palace eGoli.

I-SAAA iyinhlangano ephokophele ukugqungquzela imfundo nocwaningo nezinto ezimqoka kwabafundisayo nabacwaningayo emkhakheni we-accountancy. Le ngqungquthela iba khona kanye njalo eminyakeni emibili. Indikimba yakulo nyaka ibithi "Breaking Barriers and Moving Boundaries".

U-Jankeeparsad lo mklomelo ubengawulindele njengoba ezibona "ewumcwaningi osemncane". Uthe: "I-SAAA International Conference ingenye yezingqungquthela ezinkulu ekufundiseni nasekucwaningeni kwi-accounting. Ukuhlalana ngalo mklomelo kungikhuthaza ukuthi ngiphokophele phambili ekucwaningeni (nge-cryptocurrency, indlela yemali yokuhweba kwi-internet) nezinye izihloko ezimqoka."

Izindaba zokuhlalana kuka-Jankeeparsad zithakaselwe kakhulu emNyangweni



U-Raphael Jankeeparsad, ofundisa emNyangweni we-Accounting and Auditing, ukhuthazekile ngokukhulisa umsebenzi wakhe wocwaningo ngemva kokuhlalana ngePhepha loCwaningo eliVelele kwi-Southern African Accounting Association (i-SAAA) International Conference eGoli.

we-Accounting and Auditing. InHloko yomNyango uSiphelele Khomo ithe bayaziqhenya ngomsebenzi omuhle ka-Jankeeparsad.

Ephepheni lakhe locwaningo u-Jankeeparsad uchaze indaba ye-End-user Adoption of Bitcoin eNingizimu Afrika. "Eminyakeni emithathu edlule, i-cryptocurrency, ikakhulu i-Bitcoin, ingenise ngedumela emhlabeni. Ucwaningo lwami lwaluhlose ukubona ukuthi yiziphi izinto ezenza abantu baseNingizimu Afrika basebenzise i-Bitcoin nokuthi abantu baseNingizimu Afrika bayisebenzisa kanjani.

Wengeze ngokuthi ngokwazi kwakhe, lolu bekuwucwaningo lokuqala olunje ukwenziwa

eNingizimu Afrika.

Kudala aba nothando lobuchwepheshe nezinto zobuchwepheshe. Uthi i-cryptocurrency wayinakiswa wukuthi kubikwa ngayo kakhulu ezindabeni. "I-cryptocurrency yadala izinselelo kwezokulawula izimali ngenxa yokusabalala kwayo. Ngathola ukuthi eNingizimu Afrika baningi osozigidi be-Bitcoin ngenxa yokukhula kwamandla e-Bitcoin. Yilokhu okwangigqungquzela ukuth ngicwaninge ngayo," kusho yena.

Imiphumela yocwaningo iveze ukuthi abantu baseNingizimu Afrika i-Bitcoin bayisebenzisa ukutshala imali kakhulu, kunokuyisebenzisa njengemali yokuhweba ejwayelekile.

Ngaphezu kwalokho, uma kuqhathaniswa abasebenzisa i-Bitcoin nalabo abangayisebenzisi, abayisebenzisi bayithola iwusizo ekutshaleni imali futhi kulula ukuyisebenzisa kubona. Okunye futhi wukuthi bayalwethemba uhlelo lokusebenza kwayo, nakuba sekuke kwaba nokukhwebanisa nokwebiwa kwezigididi zamarandi.

U-Jankeeparsad wethemba ukuthi luseluningi ucwaningo oludinga ukwenziwa nge-cryptocurrency eNingizimu Afrika, njengoba izwe lithuthuka. Ucwaningo oluningi kulo mkhaka lwenziwe emazweni athuthukile kanti ngokuqaphela kwakhe nabantu baseNingizimu Afrika sebeyayithanda i-cryptocurrency.

UKUGQUGQUZELEKA KABUSHA

UKUHLUMELA KABUSHA


UKUVUSELELEKA KABUSHA

UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

www.unizulu.ac.za



UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha
ukuhambisana nesimanje



Iiwela umfula ugqwela
Isolezwe

TERTIARY Ψ π TIMES

Kuhlanganiswe ezomphakathi nocwango

NGEHOVISI le-Community Engagement, i-University of Zululand (i-UNIZULU) isanda kuba nesigcawu onhloso yaso bekwukucija izisebenzi ngamakhono okusebenzisana nomphakathi ocwangingweni lwezomphakathi.

Lesi sigcawu ebesise Bon Hotel eMpangeni, besigxile ocwangingweni olugxile emphakathini. Phakathi kwezihloko ebezidingidwa kubalwa ubuhle bokubambisana, ukwabelana ngolwazi nezinsalelo; ukwakha ubudlelwano bokuxhumana nemifelandawonye yokwesekana nokuthuthukisa isiko lokucwanginga namandla okuqhuba leli siko.

Lesi sigcawu besiholwa wuSolwazi Lesley Angelina Wood waseNorth-West University. Ehlukana phakathi kokusebenzela umphakathi nokusebenzisana nomphakathi, ugqizelele ukuthi abafundisa enyuvesi kufanele baqikelele



Abantu abakade behambele isigcawu se-Community Engagement bathole ukucijwa ngamakhono ocwango olugxile emphakathini.

bangazididanisi lezi zinto zombili. Ubalule ukuthi imigomo emihle ineqhaza elikhulu empumelelweni yomsebenzi wokusebenzisana nomphakathi. USolwazi Wood weluleke ngokuthi: "Kunezinto okudingeka ukuthi umuntu abe nazo ngaphambi kokuqala noma angene emsebenzini wokusebenzisana nomphakathi noma ucwango olugxile emphakathini. Kufanele uqikelele ukuthi ukhulumama

kanjani ngoba imiphakathi inabantu abangafani futhi iphila impilo engafani, kumele uqikelele amagama akho nezinto okholelwa kuzona."

Ubale ukubambisana kwabantu, ukwethembana, ukuxhumana nokuba nobudlelwano njengezinto ezimqoka.

UMammusa Lekoa, iMenenja ye-Community Engagement e-UNIZULU, uzwakalise ukwesasa nokugculiseka ngokubamba iqhaza kwezisebenzi ngezinsuku ezintathu.

Ngokwakhe, lo mcimbi ube yimpumelelo ikakhulu ngenxa yeqhaza lezisebenzi zenyuvesi ezabelane nabanye ngolwazi ngothando ngesikhathi sibe yimpumelelo enkulu. U-Rachel Mkhasibe, ofundisa emKhakheni wezeMfundo, uthe lo mcimbi umvule amehlo. Uthe isithangami sibe yimpumelelo enkulu.

Incwadi ikhomba ubuhle bezibi ezingasebenziseka kwezokwakho

ABABILI abafundisa emNyangweni wezamaKhemikhali e-University of Zululand (e-UNIZULU) babhale incwadi yocwango ebhaka inselelo yokuphatha izibi ebhekene nezwe, ephakamisa izixazululo ezingathela izithelo ezinhle embonini yezokwakho.

I-Waste-to-Profit Volume 2 ishicilelwe ngoJune kanti ibhalwe wuDkt Linda Linganiso noSolwazi Tshwafo Motaung. Iqhubeka kweyokuqala eyayibhalwe wuDkt Linganiso. Incwadi yokuqala, eyashicilelwa ngoMashi 2018, yayicubungula izindlela ezihlukene zokukhuculula udoti usebenzise ekwenzeni imali ukuthuthukisa umnotho.



USolwazi Tshwafo Motaung, inHloko yomNyango wezamaKhemikhali, noDkt Linda Linganiso, ofundisa emNyangweni wezamaKhemikhali.

Yayibalula inqubo nemithetho yokuphuthumisa ukwakhiwa kobuchwepheshe bemisebenzi yokukhuculula emazweni athile, kube kubhungwa ngamathuba, izingqinamba nemiphumela yenqubo.

Incwadi yesibili, ngendlela uSolwazi Motaung ayichaza ngayo, iwukubuyekeza okufingqiwe kocwango nezincwadi zocwango kwalaba babhali bobabili endimeni yokuphatha kwezibi ngendlela efanele. Iphakamisa izindlela zokuvala igebe ekuphathweni kwezibi nendima yokwakha ngokubhunga ngezindlela ezingasetshenziswa ukhuluzisa izibi ezilokhu zanda, zenziwe izimpahla zokwakha ezingasebenza kuleli naphesheya. Ngokwenza lokhu, kungaba nomnotho onikezelanayo endimeni yezokwakho.

USolwazi Motaung uthe: "Imvamisa umnotho waseNingizimu Afrika uqondile, yingakho izinto eziningi ezisetshenziswa zilahlwa uma sezisebenzile noma ngabe

ezemvelo noma kungezona. Uma izinto seziyizibi, kuncane okwenziwayo ukuzama ukuzigcinela ukuthi ziphinde zisebenziseke kodwa iqiniso wukuthi zikhona izindlela zokuthi izibi ziphinde zisetshenziswe. Iziphakamiso ezisencwadini zihambisana nohlelo oluqondile olusebenza emhlabeni wonke emnothweni endimeni yezokwakho. Le ncwadi ibhaka izisombululo kanti iphinde igqugquzele ukusungula amabhizinisi ekuphatheni izibi. Yeseka ukushintshela ekukhiqizeni intuthu engcolile encane. Kuvezwa izinhlobo ezehlukene zezinto ezenza izibi zokwakho ezisetshenziswayo emikhizweni emisha."

NgokukaDkt Linganiso, lesi yisikhathi esimqoka sokulwa nomphumela wezibi kwimvelo. Ukwanda kwabantu emhlabeni kuholele ekugcwaleni kwezindawo zokulahlala izibi ezizwi-6.9 billion metric tons. Lezi zibi zikhizisa amagesi anobuthi nentuthu engcolile okulimaza isibhakabhaka, kudale isivuvu emhlabeni nemvula engcolile.

"Inkinga enkulu yeNingizimu Afrika wukusweleka kwezindawo

zokulahlala udoti. Omasipala babhekene nenselelo njengoba kufanele bahambe ibanga elide ukuyolahlala udoti. Lokhu kusho ukwanda kwezindleko. Ukubhekana nalezi zinsalelo nokuqhamuka nezindlela zokusebenza ezongayo, kudingeka abantu baseNingizimu Afrika bafundiseke, imiphakathi ifundiseke, icijike, iqeqesheke ekuhlukaniseni udoti (emakhaya) bese ikhuthazwa ukuthi iphinde isebenzise lezo zibi ezingaphinde zisebenziseke, ihlukanise udoti ongasebenziseki nalowo ophinde usebenziseke ukuvikela imvelo. Ukuvikela imvelo ekungcoleni wumsebenzi wethu sonke," kusho uDkt Linganiso.

Le ncwadi iqondiswe kubantu abehlukene okukhona izifundiswa kubo, imboni yezokwakho, omasipala, imikhandlu yocwango, izinkampani nosomabhizinisi. "Iphosela laba bantu inselelo yokuthi bacabange ngendlela ehlukile ngokuphatha udoti, bazi ukuthi yimuphi udoti osebenzisekayo nokuthi yibaphi abalingani abangaya kubona ukuze babone ukuthi imikhizizo yabo ikhiphani engasebenziseka ukukhulisa umnotho," kusho uSolwazi Motaung.

■ UKUGQUGQUZELEKA KABUSHA ■ UKUHLUMELA KABUSHA ■ UKUVUSELELEKA KABUSHA ■ UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU

Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter
www.unizulu.ac.za

I UNIZULU

UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU
 Kuhlwe kabusha
 ukuhambisana nesimanje